


UMUZWA OMKHULU

 Ngisadla, futhi, kulesosibusiso ngalokhukusa. O, eseqileyo, esichichimayo, akwaziwa, izinto uNkulunkulu ayosenzela zona uma sesizihlanganisa ndawonye! Niqaphelile selokhu senze lomnikelo kuNkulunkulu, ukuthi izinto bezihamba kanjani lapha na? Isibusiso emva kwesibusiso, amandla emva kwamandla, inkazimulo emva kwenkazimulo! Bekumangalisa. Futhi Uzoqhubeka enza njalo. Lamaduku, sengiwakhulekele lawo, ukuthi—ukuthi lowo othile lapha okungawakhe.

² Manje ngifuna ukuphawula, umzuzu nje noma emibili, okokuqala nginibonge nonke ngesipho senu esihle sikaKhisimusi, ngesudu yezingubo eningitholele yona. Ngabe lokho yilokhu obekukwesakho, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Yebo, isudu yezingubo. Yingani, abashumayeli bengahlale besebenzisa isudu yezingubo. [“Inganela ngokuphelele.”] Kuyamangaza, lokho kuhle. Manje, bayajuluka, nalowomjuluko uvundisa izingubo ngokushesha kunakho konke engikwaziyo, uyabo, futhi kudingeka izingubo eziningi ukubamba umshumayeli. Futhi nezingubo ezinhle . . . Izingubo ezishibhe ngempela zikakotini ziyovele zibole ziphele, ngentwana encane nje. Ngakho e—enhle isudu njengaleyo iyoba nokwembathwa.

³ Futhi vele ucabange, weseka futhi unika lezingubo ezincekwini zeNkosi. Futhi neNkosi ikubusise. UJesu wathi, “Njengoba nikwenzile komunye walababafowethu abancane, nikwenzile kiMi.” Ngakho-ke awukaze ulethe, uthengele abafundisi ababili isudu; uthengele uJesu amasudu amabili. Ehhe. Yilokho Akushoyo, “Nikwenze kiMi.”

⁴ Kodwa lokho kuthintwa okuncane kwaseZulwini, lokhukusa, nikuqaphelile na? Akukho ukubizelwa e altare, akukho lutho; kodwa nje emva koMyalezo futhi—futhi ukwenza kabusha kukaMoya oNgewele uhlanza abantu, inkazimulo kaNkulunkulu ihamba, bavele baqala ukwenyuka, futhi behla, bejikeleza. Futhi ngibona abanye babangane bami abahle bamaBaptisti, beBandla le Walnut Street Baptisti, e Louisville, bemi ezikhaleni zezihlalo, bevele behlamba emandleni kaNkulunkulu. O, okwami! Futhi ngidibane nabo emva kwenkonzo, bathe, “Lokho kungamandla kaNkulunkulu.”

Ngathi, “Kulungile. Ninesiqiniseko, Ninesiqiniseko impela.”

⁵ Amandla kaNkulunkulu! Futhi ungeke uwathole amagama okukuchaza. Uvele ungazi ukuthi uthini. UMoya oNgewele uvele uthathe umhlangano futhi bese ungazi ukuthi Uzokwenzani

ngaWo. Ngokuthula, kamnandi, ngokuthobeka, wephukile. O, Mfowethu Pat, lokho kuyiZulu nje, kimi. Vele ngingomunye walabo benhlobo endala ethokoziswa yilowo Muzwa, niyabo.

⁶ Njengomufi u Paul Rader, wathi kokwakhe. . . Khathisimbe wayexoxa indaba. Futhi uthi yena nomkakhe babehleli etafuleni, futhi unkosikazi wayefuna ukuya ndawenithize kumbe enze okuthize, futhi wayelokhu ethi kuye, “Veles angeke ngikwazi ukukwenza,” futhi nokunye, futhi wayezomfinyeza kancane.

⁷ Ngakho wajika wambheka, nezinyembezi zazehla ezihlathini zakhe, futhi wayesethi kuye, wathi, “Kulungile, manje,” wacabanga enhliziyweni yakhe, “uma elimala kalula kanjalo, akavele ahlale elimele.” Ngakho yena, njengendoda, ngokungathi wagoqa iphepha lakhe futhi walibeka epuleyitini lakhe phansi.

⁸ Futhi wayehlale njalo ema emnyango amvalelise ngokumanga; futhi ngenkathi esephuma esangweni, wayemvayizela, futhi bese lokho—lokho kumgcina, uyazi, aze abuye ehhovisi lakhe.

⁹ Futhi ngalokho kusa, wathi, ngenkathi sebephuma, yingani, i. . . emnyango, yingani, wayemi ngasemnyango, futhi wamanga futhi wayesephuma eze eyofika ekugcineni kwesango, futhi wavula isango futhi wabheka emuva, unkosikazi wayemi emnyango egebise ikhanda, esalimele, wathi akasale kahle, wathi naye akahambe kahle.

¹⁰ Wathi wehla ngomgwaqo, futhi waqala ukucabanga, “Kobanjani uma kungabakhona okungehlelayo ngaphambi kokuba ngibuyele ekhaya, kumbe, kunganjani uma okuthile kungamehlela ngaphambi kokuba ngibuye, uNkulunkulu uyosikhipha enkundleni; futhi engomuhle owesifazane njengoba ebekade enjalo, futhi indlela amnandi ngayo, nokunye na?” Futhi wathi, ngokuqhubeka ehamba, nenhliziyo yakhe yaqhubeka ivuvukala kakhulu.

¹¹ Ngakho wavele waphenduka, wagijima ebuyela emuva, wavula isango, wagijima engena endlini, wavula umnyango. Futhi lapho evula umnyango, wezwa okuthile kukhala. Waqalaza, unkosikazi wayemi emva kwesivalo. Wathi akazange asho ukuthi “ngithethelele,” akazange asho ukuthi “Ngiyaxolisa,” akazange asho lutho. Wathi wavele wambamba wamanga futhi, wajika futhi wayesephuma. Wathi waphuma esangweni, wathi wayesemi emnyango futhi. Wathi, “Usalekahle.” Futhi nonkosikazi wathi, “Uhambekahle,” wathi, njengoba ebenzile ekuqaleni, kodwa okokugcina kwakunomuzwa.

¹² Ngakho-ke kunjalo. Lapho kunomuzwa, niyabo, lokho kungokuvela kuNkulunkulu impela.

¹³ Manje okhethweni emizuzwini embalwa edlule, wabaphathi abasha, Mfowethu Sothmann. Ngineqiniso lokuthi abaphathi, futhi nakho konke, sebebonile manje, ukuthi, ekupheleni konyaka wezimali, ekuqaleni kuka Januwari, ukuthi zonke izikhundla zebandla, njengabelusi namadikoni, nokunye, ziyaphela. Bese uma befuna ukuqhubeka... Hhayi abelusi; bengingasho lokho. Ngisho abaphathi, namadikoni, nabafundisi bakaSontosikole, nokunye. Lokho, umelusi ukhethwa yibandla, futhi uhlala kuze, kuze. Futhi bese—bese be... Uma abantu, isigungu sabaphathi esiphethe ngalesosikhathi, kumbe amadikoni, kumbe abafundisi bakaSontosikole, kumbe yini okunye, uma befuna ukuqhubeka, bavele baqhubeke. Uma bengathandi, khona bafanele—bafanele besule uma bengathandi ukuqhubeka; futhi akukho lutho olumelene nabo. Bese-ke beqhubekela onyakeni olandelayo. Futhi—futhi bese uma bengaqhubeki, bese beba nokhetho, bese bekhetha omunye umphathi, kumbe—kumbe lokho isikhundla ebesiyikho.

¹⁴ Ngakho, akumcindezi umuntu phansi, empilweni yakhe yonke, ukusebenza esigungwini. Kodwa uma nje esezwa ukuthi uNkulunkulu unaye futhi uyamelekelela, futhi ufuna ukwenza ingxenye yakhe, kumbe yakhe owesifazane, noma ngabe kungayini, ukuqhubeka nomsebenzi kaNkulunkulu, sihlala sithokozile ukuba nabo basebenze kanye nathi. Niyabo? Kodwa leyondlela inika umuntu ithuba lokuthi asebenze unyaka bese bebona ukuthi bakuthanda kanjani. Abanye babaphathi bethu bahlala iminyaka ngeminyaka ngeminyaka, namadikoni futhi, futhi lokho kulunge kakhulu. Kodwa nokho akunqunywa sikhathi. Uma umphathi, kumbe umelusi, kumbe omunye esigungwini, bengasezwa ukuthi bangaqhubeka nokusebenza, kumbe behamba, bese bazisa ibandla, ukuthi bangathola ozothatha indawo yabo.

¹⁵ Futhi yilokho okwenzekayo ngalokhu kuhlwa lapha, nomMfowethu Morgan, uMfowethu William Morgan uyesula njengomphathi. Bebedinga omunye umphathi. NoMfowethu Sothman ukhethwe njengomphathi, ngesinye isikhathi, futhi wase ngakho lokhu ukuhlwa wemukelwa esigungwini.

¹⁶ Kusemthethweni, uma nje kulibandla. Ebandleni lethu, kusemandleni ebandla. Ibandla liyahamba, kumbe libeke umphathi, ibandla lihambisa umelusi, noma lingenise umelusi, noma kuyini, yibandla kukho konke. Lokhu kungubupostoli. Yileyondlela okwakwenziwa ngayo ezikhathini zeBhayibheli. Ngakho-ke, sibona ukuthi kungebe umuntu oyedwa, bese, abengu ngqoshishilizi kumbe okuthile ebandleni. Asikufuni lokho. Yonke indoda, wonke umuntu, qobo lwami, ekuvoteleni umuntu, nginevoti elilodwa, njengawo wonke umuntu lapha ebandleni, ivoti elilodwa nje. Akusikho okushiwo yimi; yilokho okushiwo yibandla, niyabo, lokhu ibandla elikushoyo emzimbeni. Niyakuthanda lokho na? [Ibandla lithi

“Ameni”—Umhl.] O, ngicabanga ukuthi lokho kuhambisana nomBhalo. Kumele kube yileyo ndlela.

¹⁷ Manje, leli lizoba yiviki elikhulu kimi, ngiza, kusasa, iNkosi ithanda. Kumele ngenze izinqumo zonyaka ozayo, kuzo zonke izimemo. Ngifuna ukuphuma ngi—ngiye ehhovisi bese ngithatha zonke izimemo zami ngiye nazo ekhaya. Futhi ngakho-ke, ezinsukwini ezimbalwa ezizayo, ngiya emkhulekweni, kuNkulunkulu, bese ngithandaza ukuba Angihole bese engikhombisa indlela okumele ngiyithathe nokumele ngikwenze. Asiphili esikhathini esifana naleso Ayengaso lapha, lapho uNkulunkulu waMhola esuka kwenye indawo eya kwenye indawo, futhi Wayesedolobheni amahora ambalwa bese edlulela kwelinye idolobha. Kodwa namhlanje kusohlelweni olwehlukene, kungokuhleliwe, amaqembu okushumayela nezinto eziningi okumele zenziwe.

¹⁸ Futhi indlela engenza ngayo, ngiletha zonke izimemo zami zase Afrika ngizibeke phansi, zonke izimemo zase India, nazo zonke ezaseCalifornia, ezase Utah, nazo zonke izimemo ezehlukene, futhi ngizibeke zibe yizingqaba ezehlukene. Ngizoyibeka. Futhi bese ngithatha ngihamba futhi ngikhuleka, mhlawumpe ngingene emotweni yami ngihambe usuku noma ezimbili. Ngibuye, ngithandaza. Okuthize kufike enhliziyweni yami ukuba ngiye endaweni ethile, bese ngibona uma kungicindezela. Bese, emva kwalokho, bese ngi...uma kungicindezela kakhulu, ngiya kulenqwaba lapho lendawo ethizeni ikhona, bese ngithatha incwadi bese ngiyifunda, yesimemo, ukubona ukuthi esakuphi. Bese, kusukela lapho.

¹⁹ Nasi isizathu esenza ngenze lokho. Ucabanga ngokundiza amahora acishe abe amashumi ayisikhombisa nambili endizeni, ezichothweni, futhi phansi naphezulu, futhi ujikeleza, uma wake waya phesheya kwezilwandle. Awazi ngezinye izikhathi u—uphezulu, futhi ngesinye isikhathi kuphansi, futhi kujikajika, futhi kugugquzela, futhi kuphakama, kubabula emafwini naphezu naphezu kwalawo manzi, izinsuku ezintathu nobusuku. Futhi bese uphuma wehlela ezweni, futhi nento yokuqala odibana nayo uSatane, “Kulungile, iqembu labafundisi lasho *lokho*; abanye babo behlukene evotini, nabanye besekela.” Niyabo?

²⁰ Ngakho ungasho lokhu, “Kulungile, mhlawumbe iNkosi ayithandanga ukuba ngize.”

²¹ Kodwa uma uthunywe nguNkulunkulu, ulungele ukubhekana nesitha. Uthi, “Ngifika lapha, eGameni likaJesu Kristu. Ngize eGameni leNkosi uJesu, futhi ngiyahlala lapha kuze kufezeke umsebenzi waKhe.” Niyabo, bese ulungela ukubhekana namandla.

²² Ngakho, niyangithanda, ngiyazi niyangithanda. Ngakho ngikhulekeleni kuleliviki, ukuthi ngizokwenza izinqumo eziyizo, ngokufuqwa nguNkulunkulu uzongihola.

²³ Manje ngizoba nezimbalwa ezincane, engiwabiza ngokuthi, imihlangano yokugxuma kancane. Ngiya ezansi e Florida, ziyisishiyagalombili, ziyisishiyagalolunye nalapho sezilishumi kulenyanga; kumbe, eTifton, e Georgia. E Tifton, e Georgia, ziyisishiyagalombili, ziyisishiyagalolunye nalapho zilishumi kuJanuwari, ngiqonde ukuthi, esikhundleni salenyanga. Futhi bese kumele ngiye e Glasgow, e Kentucky; futhi mhlawumbe nase Somerset, e Kentucky; futhi ubusuku obubodwa, futhi mhlawumbe e Campbellsville, e Kentucky. Futhi—futhi uMfowethu Rogers ubefuna ngifike ubusuku obubodwa, endaweni yakhe, esinayo. . . kwakufanele singamtholi ngesinye isikhathi.

²⁴ Manje, khulekelani uMfowethu Rogers. Besinenhlanganyelo, namhlanje, futhi ngabamba isandla sakhe ngamthola esesimweni esibi, ngokwenyama. Ngakho khulekelani uMfowethu Rogers ngapha. Uthathe okuningi esandleni sakhe lapho, futhi kwamenza wanokwethuka, futhi u—usempilweni embi kakhulu njengamanje, futhi umkakhe mubi kakhulu. Ngakho khulekelani lezozithandani ezisencane, abantwana bakaNkulunkulu abahle. Futhi ngamtshela lokho, iNkosi ithanda, ngizomtholela ubusuku.

²⁵ Futhi uMfowethu Ruddell, owethu omncane. . . omunye wamabandla amancane angamadodakazi ethu, enhla lapha ku 62, omncane omdala umfana onamahloni, wahamba njalo lapha futhi akangabuye wabheka enhla. Futhi wayezokwenyukela endlini. Futhi, o, ngiqagele abantu babecabanga ukuthi wayeluhlupho njalo njalo, kodwa kwakukhona okwakukhona ngomfana okwakubukeka kungokoqobo. Ngavele ngaqhubeka ngazihlalela naye, futhi ngahlala naye, uthi, “Mfowethu Ruddell, ungahlala.”

²⁶ Wathi, “Mfowethu Branham, ngisukuma ngaphambi kwesixuku, eyami—eyami inhliziyo yenyukela emphinjeni wami, futhi a—a—angikwazi ukuvele ngisho igama.”

²⁷ Ngathi, “Mana lapho uyigwinye yehlele phansi, bese ukhuluma, eGameni leNkosi, uyabo.” Futhi manje uneTabernakele elibubanzi bungangaleli, enhla lapha emgwaqeni ophakeme, enza nje okuthile. Hlala nakho. Umfana wayenobizo lukaNkulunkulu. Ngangimazi uyise nonina, bangabantu abalungile impela.

²⁸ Futhi bese kufanele sibe noJunie, ubusuku obubodwa, ezansi e New Albany. Futhi, o, uyazi, imihlangano emincane nje, ukuze ngibe nobusuku lapha nobusuku laphaya.

²⁹ Kuze, uma yonke into ihlela ngokohlelo, cishe ngamashumi amabili-nanhlanu kaJanuwarie, ngiyoya e

Miami, eNgqungqutheleni Exube Umhlaba wonke yamaFull Gospel Christian Business Men. Futhi kusuka lapho, ngiye e Kingston, e Haiti, ezansi e Ningizimu Melika, futhi enhla ngidabule e Mexico. Futhi ngisuke lapho, ngingene e Afrika. Kusuka e Afrika, ngenyukele e Scandinavian. Njalonjalo, kanjalo. Ingxenye enkulukazi yonyaka, ngiyakholwa, iyophelela emihlanganweni yaphesheya kwezilwandle. Ngakho ngikhulekeleni, kumele ngenze isinqumo esilungile.

³⁰ Manje lokho kuyoba njalo uma kuyintando yeNkosi uma kungesiyo, ngifisa ukuya nomaphi, noma kuyiphi indawo. Akunandaba ukuthi kukuphi, ngifuna ukuhamba. Kodwa nje uma ngisakwazi ukuma kuloluthuli lomhlaba uNkulunkulu angibeke kulo, ngifuna ukushumayela ingcebo yakhe engathungatheki ngize ngithathwe ukufa kulelibala. Lokho kungukuzimisela kwami, ngomusa kaNkulunkulu, uma Eyongisiza kuphela. Uma Esusa isandla saKhe kimi, udeveli uyongibulala, ngakho velani nikhuleke ukuthi uNkulunkulu uyogcina isandla saKhe somusa phezu kwami.

³¹ Angiceli ukulunga kwaKhe; ngicela umusa waKhe. Niyabo? Manje, ukulunga kwaKhe, cha, angeke ngikumele lokho. Kuphela nje umusa waKhe yilokhu engikucelayo, ngoba ngiyazi ukuthi angifanele, futhi akekho onjalo. Futhi kungcono singakuceli ukulunga kwaKhe. Sifuna umusa waKhe.

³² Manje, ngalokhukuhlwa, iphimbo lami lishile kancane, kodwa ngingelidedele ithuba, ukukhuluma kuleliqembu lamaKristu amahle. Mana, ngaphambi nje kokuba ngenze lesisimemezelo, ngivumele ngisho into eyodwa. Nonke nisenhliziyo eyodwa manje, ninhliziyonye, futhi konke kusahamba kamnandi, anginikeze inkulumo emizuzu-mibili ebandleni lami, niyabo.

³³ Lalelani, zithandwa zami eVangelini, owami . . . izinkanyezi emqheleni wami, uma ngiyoba nawo, abathengwa ngeGazi likaJesu. Ngenza lokhu ngesizathu, ngibuyela emuva kanjena. Sinqume lokho ohambweni lokuzingela, uMfowethu Roy Roberson, uMfowethu Banks Wood, nami, ohambweni, ukuthi singaletha, sibuye. uMfowethu—uMfowethu Roy nathi sonke sasixoxa, futhi ngomelusi wethu, uMfowethu Neville, nendoda ehlala iphambi kwenu ngaso sonke isikhathi, yelusa futhi nakho konke, siyamthanda; kodwa nokho, uMfowethu Neville engosizana nomelusi, kubukeka kunzima kancane kuMfowethu Neville ukucindezelela kulokho, niyabo. Ngakho sakhuleka, futhi kwabukeka sengathi kwakuyintando yeNkosi ukuba ngikwenze. Manje, ngicele iNkosi ukuba Ingisize, ngenze konke okusemandleni.

³⁴ Futhi emva kokwenza umnikelo wami, futhi emva kokwenza, ukuthi ibandla lenze njalo manje, uma uNkulunkulu esibusise ngendlela Enze ngayo emihlanganweni embalwa

edlule, nalowo mnikelo omcane, Uyokwenzenjani uma sikwenze njalo, niyabo? Sivele sikwenze njalo. Manje lalalani. Niyathandana omunye komunye, nginibona kanjalo nimi phakathi kwezihlalo, ngalokhu ukusa, futhi nivele nikhala, izandla zenu zikuNkulunkulu, futhi—futhi uMoya othandekayo uhamba ujikeleza phezu kwenu.

³⁵ Manje ungalaleli iphutha elilodwa udeveli azolisho. Niyabo? Uma udeveli ekukhombisa amanye, kumbe ekutshela okuthile okubi, ngelinye lamalunga oMzimba kaKristu, ungakukholwa. Ngoba, emva kokukholwa, ukhinyabeza umuzwa wakho.

³⁶ Futhi uma ubona elinye lamalunga oMzimba kaKristu lenza into embi, ungatsheli muntu omunye; kodwa hamba kulelo lungu, futhi unothando, futhi ubone ukuthi ungebabuyisele yini kuKristu futhi. Futhi uma ungeke ukwazi ukukwenza, bese utshela umuntu oyedwa, kumbe uhamba kanye nabo. Yenza njengoba washo umBhalo. Uyabo? Kodwa unga . . .

³⁷ Uma othile ethi, “uDade *uSobani-bani*, kumbe uMfowethu *uSobani-bani*,” ungakholwa nelilodwa igama kukho. Uvele ukushiye uhambe. Ngoba, khumbula, ngudeveli ezama ukukudabula ube yiziqephu-qephu. Manje vele umbheke ukuthi angene, ngoba uzokwenza. Manje dedela indoda elungile yendlu, ukholo, lume khona lapho, futhi ungemukeli okukodwa. Lababantu kade behlezi ezindaweni zaseZulwini kanye nawe, nikhonza ndawonye ezibusisweni zikaNkulunkulu, nithatha isidlo etafuleni, futhi noMoya oNgcwele ufakazile ukuthi gangabantwana bakaNkulunkulu. Ngakho-ke asivele sibe bahle impela, sinhliziyo elungileyo, sithethelela, sithanda. Futhi uma omunye umuntu ekhuluma okubi ngawe, nikhulume okuhle ngabo. Qaphela kumnandi kangakanani uma sekuza kuwe manje. Niyabo? Lokho kulungile. Vele njalo uphindisele okubi ngokuhle, inzondo ngothando. Futhi nje . . .

³⁸ Uzizwa ungcono, s’thandwa, intombazanyana emuva na? Lokho kulungile. Ngiyabonga kakhulu. Yebo, vele uphindele emuva . . . Wayekhonkobeke enhla emuva laphaya efindweni, futhi neNkosi uJesu wamletha phambili manje futhi wamethula emhlanganweni. Siyabonga kakhulu kulokho. Yilokho okwenze ngasuka epulpiti, imizuzwana embalwa edlule. Bathe base be “thandaze bathandaza, abafinyelelanga eNkosini.”

³⁹ Manje, qiniseka ukuthi uyakwenza lokho. Thembisa lokho wena qobo, kuNkulunkulu, “Nkulunkulu, ngomusa waKho, yilokho engiyokwenza.” Akunandaba nangenkathi noma ubani esho okubi; phendula ngokuhle. Ungacabangi okubi. Uma ukucabanga okubi, futhi ukusho ngokuzenzisa lokho, bese—bese—bese uba sephutheni. Hlala uzinikela wena qobo kuNkulunkulu uze uzizwe usukahle ngempela ngalowo muntu. Yile yondlela yokukwenza. Bese ubumnandi bezibusiso zikaNkulunkulu zovele, o, kuyovele kwemboze umphefumulo

wakho. Yileyondlela yokuphila ngokunqoba, bese kungabikho lutho olungakulimaza uma nje uthandana. Yebo, uthi. . .

⁴⁰ Niyabo, “Uma unezilimi, ziyonqamuka. Futhi uma unokuhlakanipha, koshabalala. Iziprofetho, kohluleka. Kodwa uma unothando, lohlala ingunaphakade”. Niyabo?

⁴¹ Futhi ungathandi kuphela labo abakuthandayo, kodwa thanda labo abangakuthandi. Ngoba, kulula kimi ukuthanda noma ngubani ongithandayo, kodwa zama ukuthanda noma ngubani ongakuthandi. Yilapho ongazihlola khona ukuthi ungumKristu noma qha; othile ongakuthandi, futhi nokho, enhliziyweni yakho, uyabathanda. Manje, uma ungakwenzi lokho, bese uvele ulokhu ubambelele kuNkulunkulu. Kulapho, ngoba ngiyakwazi ukuthi kuliQiniso. Amen. Ngiyazi ukuthi liQiniso.

⁴² Manje sizovula iZwi elihle, manje, eNcwadini yamaHeberu, futhi nesahluko sika 11, okoMyalezo omfishane nje. Ngiyisihosho kancane, kodwa ngibe nentambama emangalisayo nabazalwane nodadewethu. Futhi angangangena kwaze kwacishe kwashaya ihora lesithupha ezimpondweni, futhi ngivele ngagijima ngaya endlini futhi, ngaguqa phansi eceleni kombhede, ekamelweni lokulala, ngakhuleka imizuzwana. Ngavuka, ngathatha iBhayibheli lami ngaqala ukufunda. Futhi ngabona iphephabhuku phansi laphaya, futhi ngalithatha, futhi belibhalwe ngesiBhunu, ngakho-ke angikwazanga ukulifunda.

⁴³ Futhi ngezinye izikhathi, ekufundeni, uyodibana negama, futhi lelogama liphile kuwe. Yileyondlela umfundisi athola ngayo owakhe, owakhe umyalezo. Avele aqale ukufunda, efunda iBhayibheli, okuthile. Into yokuqala oyaziyo, udibana nokuthile, bese okuthile kwengeza kulokho okuthile, okuthile kwengeza kulokho okuthile. Bese, ekudwebela, futhi bese eya epulpiti ekufunda. UNkulunkulu uzokwenza konke okwakho. Niyabo, Uyonakekela konke.

⁴⁴ Manje, kwesinye isikhathi uyathatheka kakhulu, uze wenze imicabango emincane yalokho, imibhalo emincane yemicabango oyicabangile. Mhlawumbe emhlanganweni, lapho okumele uze masinyane phambili, lokho, uvele uyifunde lemicabango emincane onayo, sengathi uMoya oNgewele ungakushukumisa kuwe futhi. Kwenziwe lokho kaningi.

⁴⁵ Manje amaHeberu 11, asifunde indima 1, ukuqala, futhi sizofunda amavesi ambalwa.

Manje ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezethenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

Ngokuba okhokho bafakazelwa ngakho.

Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.

46 Akucebile kangako na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Ake ngifunde leyondima 3 futhi. Lalelisisani.

Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuwelanga kokubonwayo. (IZwi likaNkulunkulu!)

Ngokukholwa u Abela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatsshelo omuhle kunokaKayini, athola ngakho ubufakazi bokuthi ulungile, uNkulunkulu uqobo efakaza ngeziphopho zakhe: nangakho... wakhuluma, noma efile.

Ngokukholwa u Enoke wathathwa ukuze angaboni ukufa akabe esafunyanwa, ngokuba uNkulunkulu... wayemthabathile: ngokuba engakathathwa ufakazelwe, ukuthi wayethokozisa uNkulunkulu. Iminyaka engamakhulu amahlanu empilo, ngokunjalo!

Kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa: ngokuba ozayo kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi ukhona, nokuthi ungumvuzi walabo abamfunisisayo.

Ngokukholwa uNowa, exwayisiwe nguNkulunkulu ngezinto ebezingakabonwa, esaba, wakha umkhumbi wokusindisa indlu yakhe; oku... ngakho walahla izwe, waba yindlalifa yo... yokulunga okuwela—okuwela ngokukholwa.

47 Manje ake sokhuleke isikhashana, futhi sikhothamisa amakhanda ethu.

48 Nkosi, Nkulunkulu wethu oNomusa kaKhulu noBaba, siza manje eBukhoneni baKho futhi, nokubonga. Futhi hhayi kuphela ukuthi manje sizwa ukuthi siseBukhoneni baKho ngoba sesikhothamisa amakhanda ethu ukukhuleka, kodwa sikholwa ukuthi sihlala siseBukhoneni baKho, ngoba lokho, “Amehlo eNkosi agijima aye ebuya emhlabeni.” Futhi wazi izinto zonke, futhi Wazi imicabango yenhliziyiyo.

49 Ngakho, Nkosi, isizathu sokukhothamisa amakhanda ethu, ukuthi sicele lokhu-kunxusa, ukuthi Uzosithethelela zonke iziphambeko zethu namaphutha esiKone ngawo, futhi nanokuthi umusa waKho uzophinde futhi wedlulele kithi, kangangokuthi Uzovula izindebe zethu ukuba sikhulume nezindlebe zethu ukuba sizwe, nanokuthi iZwi laKho lingaba yilo impela kithi, ngalokhukuhlwa; ukuthi lezizindima ezimbalwa esizikhethile ukuba sizifunde zingaba wusizo olukhulu kulelo nalelo lunga lomzimba waKho ofihlakele ezweni, iBandla lokomoya laKho iBandla leZibulo, leloBandla elithengwe ngeGazi likaJesu, elihlanziwe futhi langcweliswa, futhi liyakulethwa kuNkulunkulu ngaloloSuku, lingenasisihla kumbe mbimbi. Sikubonga kangakanani Wena, ukuba nokholo

lokukholwa ukuthi singabahlanganyeli balokukhulunga kukaNkulunkulu, ngokulunga nangomusa weNkosi yethu Jesu!

⁵⁰ Ngikhuleka manje ukuthi Uzophulukisa zonke izifo. NgiKubonga ngokuthinta leyantombazanyana emizuzwini embalwa nje edlule, ilele ifingene ekamelweni laphaya, ezinhlungwini; ngambona ehamba ephuma, lolokholo oluncane njengolwengane, futhi nokwamukela Wena nomusa waKho. Futhi sibonga Wena ngalokhu; futhi sikhuleka ukuthi Uyokhumbula othandekayo omncane kaDadewethu Baker e Kentucky, futhi nalowo uMfowethu Neville akhulume ngaye, futhi, O Nkulunkulu, inkambu engabaleki yabagulayo yonke indawo. Futhi ikakhulukazi, Nkosi, labo abangasindisiwe futhi abangakwazi Wena; uma bezofa ezonweni zabo, bangefike lapho Ukhona.

⁵¹ Siyakhuleka ukuthi Uzosinika ufakazi namandla, isibindi sokukhuluma iZwi, nokuhlakanipha ukwazi ukuthi kumele siLikhulume nini. Futhi bese ukhuluma kithi uma sesikhulume kwenela, ukuthi singahamba sibashiye abantu bemangele, bezibuza, ngoMoya oNgcwele omkhulu nomsebenzi waKhe. Siphe khona, Nkosi. Sizwe manje, siyakhuleka, eGameni likaJesu siyakucela. Amen.

⁵² Futhi ngizothanda ukukhuluma nje isikhathi esifushane ngesifundo semizwa. Sifundiswa ukuthi umuntu wemvelo unemizwa emihlanu, futhi naleyomizwa emihlanu iqondisa okwakhe—okwakhe. . . Kumbe, Unika, uNkulunkulu wamnikeza lelizwa emihlanu, ukuthintana nomuzi wakhe wasezweni, futhi naleyomizwa yaziwa ngokuthi: ukubona, ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela, ukulalela. Leyomizwa emihlanu eyazekayo kumuntu wemvelo, futhi mihle, futhi singesebenze kumbe siphile impilo ejwayelekile uma owodwa walemizwa wehluleka ukusebenza. Ukubona kwakho, ukulalela, ukuzwa, ukuhogela, kumbe ukunambitha, singebe abaphila kahle ngaphandle kwayo. Kukhona okungekho, enye ingxenye yempilo esingethintane nayo, ngaphandle kokusebenza kwalowomuzwa. Futhi mihle futhi inomsebenzi, futhi sayinikwa nguNkulunkulu.

⁵³ UNkulunkulu wanikeza leyomizwa, kodwa ninikezwa yona njengesipho. Futhi kuncike ekutheni ikanjani kuwe, lelizwa uyinikezela kukuphi, kuyoba yindlela impilo yakho eqondiswa ngayo, indlela onikezela ngayo lowomuzwa omhlanu. Uyi. . . Lokhu okubonayo, lokhu okulalelayo, lokho okunambithayo, okuhogelayo, kumbe okuzwayo, noma ikuphi lapho lelizwa enikezelwe khona, izokubusa.

⁵⁴ Futhi siyabonga kuNkulunkulu ukuthi sinemizwa emihlanu, kodwa akukho ndlela owanikezwa ngayo lelizwa emihlanu ukukuqondisa. Yanikezwa wena ukuthintana nokwasemhlabeni. Kodwa wanikezwa umuzwa wesithupha, futhi, lowomuzwa

wesithupha, ungowomKristu kuphela. Futhi ungeke ube nawo lomuzwa wesithupha ngaphambi kokuba ngumKristu; yiyona yodwa indlela ongaba nemizwa engaphezulu kwemihlanu yemvelo ngayo kumuntu wemvelo. Umuzwa wesithupha waziwa kangcono, kumKristu, njengokholo. Yiwona wona obusa futhi ukuqondisa, futhi yiwo omkhulu kuyoyonke eminye imizwa. Mkhulu kunayoyonke imizwa, eminye imizwa emihlanu.

⁵⁵ Manje, angizukusho lokho ngoba yingoba sithola umuzwa wesithupha ukuthi imizwa emihlanu ayisemihle manje. Yebo, mihle. Leyomizwa emihlanu wayinikwa nguNkulunkulu, futhi kumele isetshenziswe. Kodwa uma imizwa emihlanu yenza okuphambene neZwi likaNkulunkulu, khona-ke iqamba amanga.

⁵⁶ Manje, umuzwa wesithupha ungeqambe amanga. Ngumuzwa omkhulu. Futhi yilokho engifuna ukukhuluma ngakho. Namuhla ekuseni ngikhulume nge: *U Phawu oluKhulu*. Futhi namuhla ebusuku ngo: *Umuzwa Omkhulu*.

⁵⁷ Futhi umuzwa omkhulu nguMoya oNgcwele, ukholo lukaNkulunkulu oluhlala kuwe. Futhi uma unganikezela imizwa emihlanu emuzweni wesithupha, futhi uyokuhola futhi ulethe yonke leneminye imizwa emihlanu ngaphansi kwalowo muzwa omkhulu. Ngoba ungaphezulu kakhulu emuzweni wemvelo, njengoba umuntu wokomoya engaphezulu komuntu wemvelo uphakeme njengesibhakabhaka, ngaphezu komuntu wokwemvelo nemizwa yakhe emihlanu. Ukwenza ukholwe yizinto ongakwazi ukuzibona. Ukwenza wenze okuthile lapho ongacabangi ukuthi imizwa emihlanu yayiyoke icabange ngakho. Udeveli angangena kulemizwa emihlanu futhi aqambe amanga kuwe, kodwa ngeke awuthinte lowomuzwa omkhulu. Lokho kuqhele kakhulu ukuba angafinyelela kukho. Lokho kuvela kuNkulunkulu. Kuthiwa wukholo. Ukholo luyileyo nto enkulu.

⁵⁸ Futhi nemizwa emihlanu ayiwuqondisi umuzwa wesithupha, kodwa umuzwa wesithupha uqondisa imizwa emihlanu. Umuzwa omkhulu uqondisa imizwa yokwemvelo. Futhi i—imizwa emihlanu iwukubona, ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela, ukulalela. Futhi umuzwa omkhulu yilokho okuyokwenza ukholwe yiZwi likaNkulunkulu, ngoba yileyo nto kuphela ozokhuluma ngayo. Futhi Uzokwenza ukholwe yizinto ongeke wazibona, wazinambitha, wazizwa, wazihogela, kumbe wazilalela, ngoba uzothatha iZwi likaNkulunkulu. Futhi uyolethe leloZwi kuwe, futhi ukwenze uhambe ngokuphambana kunoma iyiphi enye into ekhona kodwa iZwi likaNkulunkulu. Ngokukholwa, ukukholwa okwenza lokho.

⁵⁹ Manje, senginikeza lomfanekiso, wemizwa, umuntu wemvelo uzalwa nalemizwa, ngakho-ke iyimizwa enikezwa ngokwemvelo. Futhi lokho yiyonanto kuphela ngempela

azoyazi ngakho, ekucabangeni kwakhe okunzulu. Angacabanga kuphela njengomuntu, angabona nj engomuntu, angaqonda njengomuntu, angalalela njengomuntu; kodwa ngenkathi esebuswa, kumbe evuswa kabusha, kumbe singakubiza ngokuthi “zalwa kabusha,” bese lowo wesithupha, umuzwa omkhulu umbamba. Futhi, ngokwenze njalo, lowomuzwa omkhulu umkhuphulela endaweni lapho abanokholo lokukholwa izinto angeke azilalele, izinto angeke azibone, aqonde lokho angeke akuqonde. Uyakukholwa ndlela thize, ngoba ubuswa yilowomuzwa wesithupha, lowomuzwa omkhulu. O, kuhle kangakanani ukukwazi, nokucabanga ukuthi kulula kangakanani ukukholwa yilokho!

⁶⁰ Manje, ungeke ukukholwe uze ube ngoguquliwe. IBhayibheli lasho ukuthi, “Akekho umuntu ongabiza uJesu ngoKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele.” Sedlule kulokho kuleliviki eledlule. Futhi bekukade kuyisithiyo, ikakhulukazi kulabobantu abakholelwa kubuPentekoste, uma bengizwa ngisho njalo. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa iZwi laMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” ukuPhila okuPhakade kuvela kuNkulunkulu, kuphela. “Futhi akekho umuntu ongathi uJesu unguKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele.”

⁶¹ Uthatha kuphela okwashiwo ngothile, oyifundile ngokuhlakanipha, okufunde ngemizwa emihlanu yemvelo. Kodwa lapho umuzwa wesithupha usungena, uMoya oNgcwele, Kususa konke ukucabanga kwalemizwa eyisithupha. . . imizwa emihlanu, futhi ukukhuphulela kulowomuzwa wesithupha, ukwenze ukholwe izinto ongeke uzibone, uzinambithe, uzizwe, uzihogele, kumbe uzilalele. Kwenza okuthile kuwe. Bese-ke usungasho ukuthi uJesu unguKristu, ngoba ukufakazele; kungesikho okufundiswe ngokuhlakanipha, kodwa okwenzile.

⁶² “Uzokwenzani-ke umuzwa wesithupha, Mfowethu Branham na? Yingani umuzwa wesithupha ungena na?”

⁶³ Umuzwa wesithupha ungena ngenxa yalesisizathu. Manje, umuzwa wesithupha ungukukholwa, umuzwa omkhulu. Manje uma. . . Umuzwa wesithupha ungenela lesisizathu kuphela, lokho kwaku, ukwenza imizwa emihlanu kuwe yenqabe noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu. Umuzwa wesithupha owaleso sizathu. UmBhalo ukhulumama ngoku “citha izizindlo.”

⁶⁴ I—i, bona, imizwa emihlanu iyobanjalo, ungazindla, “Kulungile, manje, kungani lendoda, futhi kungani kwakuzo. . .?”

⁶⁵ Kodwa umuzwa wesithupha awukuboni lokho nakancane. Wedlule kakhulu kukho! Ungaphezulu kakhulu kunakho, uze ungabisabanakho ngisho ukuzindla ngakho. “Siyakukholwa!” Kuqhele kakhulu kunalokho obekungashiwo yimizwa emihlanu ngakho. Manje silungela inkonzo yokuphulukisa,

niyabo. Siyawukholwa! Uhamba ngalowomuzwa wesithupha, ukhuluma ngalowomuzwa wesithupha, uphila ngalowomuzwa wesithupha, ufa ngalowomuzwa wesithupha, futhi uvuke ngalowomuzwa wesithupha. Lowomuzwa omkhulu, okuthile okukuwe, okwehlukile kulokho umuntu wemvelo ayikho.

⁶⁶ Umuntu wemvelo unalena kuphela, futhi ilungile uma ingalethwa ekuthobeleni umuzwa wesithupha. Uma ingqondo yemvelo ithi, ifunda iZwi likaNkulunkulu futhi ithi, “Lokho yiZwi likaNkulunkulu,” ukhuluma iQiniso. Kodwa uma ufunda, futhi uthi, “Akusilo lonke iZwi likaNkulunkulu. Kumbe, kumbe, Kwakuyilo. Kungokuthile, Lake laba yilo, kodwa akusesiLo manje.” Bese-ke lowomuzwa wesithupha ungena, futhi uthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo, yilowo umehluko.

⁶⁷ Yingakho kunabantu abaningi kangaka abehluleka ukuphulukiswa. Bazama ukuza bemumethe ukuhlakanipha. Bathi, “O, nge—ngenza *lokhu*, kumbe ngikholwa *yilokhu*, nokunye.”

⁶⁸ Kodwa uma lowomuzwa wesithupha usho lokho, ngakho akukho lutho oluyoke lubanyakazise kulowomuzwa wesithupha. Umuzwa wesithupha wehlela kumuntu ubenze baphike noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu. Noma iyiphi inkomba, noma iyiphi inkomba ephambene nesethembiso sikaNkulunkulu, umuzwa wesithupha uthi akukho lapho, uma umKristu engozelwe kabusha.

⁶⁹ Futhi nento yokuqala oyaziyo, umphikinkolo, ongakholwayo, efika kumKristu futhi ethi, “Manje bheka lapha, ayikho into enguMoya oNgcwele. Uyaphambuka, kulokho. Uyaphapha, uma ukholwa yinto efana naLeyo. Ayikho into efana naLokhu.”

Lowo muzwa wesithupha uqonda ngqo uyosebenza.

⁷⁰ “Angikukhombise, eBhayibhelini, lapho ongeke wawemukela uMoya oNgcwele. Futhi, uyabo, ngingakukhombisa lapho abafundi baWuthola khona, kodwa—kodwa . . .”

⁷¹ “Yebo, kulungile,” uthi, “bheka,” umuzwa wesithupha uyokukhombisa ngale bese uthi, “kodwa Wathi, ‘Isethembiso ngesenu nabantwana benu.’”

⁷² “Kulungile, lokho kwasho abantwana babo. Lokho, lokho kwakungasho kuwe. Akusikho okwakho.”

⁷³ Kodwa lowo muzwa wesithupha wazi kangcono. Yingani na? Usuvele ukuwe. Bakusho kamuva. UsuWutholile vele.

⁷⁴ Abantu abafundisa lokho, “Ayikho into enguMoya oNgcwele,” abazi ukuthi bakhuluma ngani.

⁷⁵ Njengalowomfana, kanye, ehluba i aphula, futhi wabe esebuzwa ngumphikinkolo, bephikisana ngomhlangano. Wathi, “Ufunani, ufunani phezulu lapha na?”

⁷⁶ Wathi, “Ngifuna ukukubuza umbuzo.” Ngenkathi esadla i aphula futhi elithokozela, olula kakhulu, onjalo, ebukeka njengomuntu oyisigangi, nezinwele zilenga ebusweni bakhe, futhi enezinyo elilodwa elide phambili; futhi nendala, engcolile ijakhethe eyi ovaloli eyembethe. Wathi, “Umbuzo owodwa nje engifuna ukukubuza wona.”

⁷⁷ Umphikinkolo wayevele wathi, “Ayikho into enjengoNkulunkulu. Konke kungamadlingozi. Kukhona umbhedo kukho, kuyilokho kuphela.”

⁷⁸ Futhi nomfana wathi, “Ngifuna ukukubuza umbuzo, mnumzane. Ngabe leli aphula linoshukela noma limuncu na?”

Wathi, “Kulungile, ngazi kanjani na? Angilidli.”

Wathi, “Yilokho ebengikucabanga vele,” wavele wabuyela emuva.

⁷⁹ Wazi kanjani, uma ungakaze uyinambithe iNkosi na? Wazi kanjani, uma ungakaze uwemukele uMoya oNgcwele, ukuthi Ungokwempela kumbe Akasikho na? Wazi kanjani ukuthi kungukholo namandla na? Wazi kanjani ukuthi akukho “ntokozo engakhulumeki futhi egcwele inkazimulo,” uma ungakaze unambithe ukukubona na? Umuzwa wesithupha ukuholela kuloKho. Umuzwa wesithupha usho Lokho kuwe.

⁸⁰ Awekho amandla okuhlakanipha nakancane, ayoke alethe Lokho kuwe. Amandla okuhlakanipha ayocabanga futhi athi, “Yingani, impambamqondo. Kungokuthile *lena* yindlela, futhi kungamadlingozi nabantu.”

⁸¹ Kodwa uma umuzwa wesithupha usungena, uphika konke okwalezozinto, futhi kuyise umuntu ngqo ezifubeni zikaNkulunkulu. “Lowo oza kuNkulunkulu kumele akholwe ukuthi Ukhona, nomvuzi walabo abaMfunisisayo.” Ngokukholwa! Ngokukholwa, u Abrahama! Ngokukholwa, u Isaka! Ngokukholwa, u Jakobe! Bonke ngokukholwa! Umuzwa wesithupha owenza lokho. Umuzwa wesithupha uphika zonke izinkomba, zonke izinkomba, noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, noma umuphi umuzwa, amadlingozi.

⁸² Othile uthi, “O, kulungile, ngakhulekelwa, kodwa angizwa bungcono.”

⁸³ Umuzwa wesithupha angeke uze ume nse ngalokho. Umuzwa wesithupha uyothi, “Kungamanga! Ngizizwa ngingcono. Ngiyelulama. UNkulunkulu washo njalo, kuxazulula lokhu. Ameni! UNkulunkulu washo njalo.” Umuzwa wesithupha udla iZwi likaNkulunkulu kuphela.

⁸⁴ Lowomuzwa omkhulu, mkhulu, ngaphezu kwemizwa. Kungumuzwa omkhulu. Ungokukholwa. Ungamandla

ashukumisa abuye ahambise. Ameni. Kuyinto eyenza wenze izinto ongazange ucabange ukuthi uyozenza. Umuzwa wesithupha, umuzwa omkhulu.

⁸⁵ Uyathandazelwa. Ake sithi une—unesandla esikhubazekile futhi uyakhulekelwa, isandla sakho, uyeza enhla lapho futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa. Umelusi uyakukhulekela, ubuyela emuva. Umuntu wemvelo omdala uyosho lokhu, “Awuzwa mehluko kulesosandla. Awungcono kulokho okade uhlala uyikho.” Kodwa umuzwa wesithupha uyeza, futhi wathi, “Lokho amanga! Ukhulukelwe, kuxazululwe.” Ameni.

⁸⁶ Njengowesifazane oweza emhlanganweni wethu ngesinye isikhathi, futhi wayezile emhlanganweni, bebabili. Banqamula eplatifoma. Babebone ukuhlukaniswa kwezizindlo zenhliziyi. Bona abesifazane babevele—bevele bagwinyeka. Bobabili babengamaKristu oqobo. Oyedwa wenyuka, futhi noMoya weza wathi, “Uphethwe yisisu esikhuluphayo.”

Futhi nobuso bakhe bakhanya. Wathi, “Kuliqiniso.”

⁸⁷ Futhi noMoya oNgcwele wathi kimi, wathi, “Futhi kuyisilonda esinobomvu. Kudalwa isimo sokwethuka. Kade uhlolwe ngudokotela othile, futhi uthe ungeke. . . kumbe kumele ku—kumbe kwamele kuhlinzwe, kususwe.”

Wathi, “Konke okushoyo kuliqiniso.”

⁸⁸ Futhi ngibona ukuthi wayeyikholwa elikhulu kangako, khona Kwathi, “Igama lakho unguNkosazane *Sibani-bani*, usuka ku *Sibani-bani*, nasendaweni enje-ka-nje.”

Wathi, “Lokho liqiniso!”

⁸⁹ Kwakuyini na? Umuzwa wesithupha ukubamba. Umuzwa wesithupha noMoya oNgcwele wawumi ngapha nangapha. UMoya oNgcwele wawukhuluma, umuzwa wesithupha wawuthi “ameni.” Nakho. Okuthile kumele kwenzeke.

⁹⁰ Ngenkathi u Martha egijima eyofuna uJesu, futhi ngenkathi ethi, “Nkosi!” Qaphela umuzwa wesithupha. “Ukuba Ubukhona, umfowethu ngabe akafanga; kodwa ngisho nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyoKunikeza khona.” Ulapho umuzwa wesithupha.

⁹¹ UJesu wazidonsela Yena ndawonye, wathi, “NgingukuVuka, nokuPhila; okholwa yiMi, noma efa, wophila ophila futhi akholwe yiMi akasayikufa. Uyakholwa yilokhu na?”

⁹² Uzothini, ukuzindla na? Nanso indoda ilele laphaya, efile, nezibungu ziphithizela kuyo.

⁹³ Kodwa Usanda kusho ukuthi Ube ngukuVuka nokuPhila. Lokho yiZwi likaNkulunkulu. Lowomuzwa wesithupha, wedlula ekunakeleleni kukadokotela, wedlule emicabangweni yophenyo lwesayensi. Ukushaya indiva konke, ukushaya indiva

konke ukuzindla, futhi ukuchithe phansi. Yingani na? Ufakaza eZwini likaNkulunkulu, “NGINGUYE. Angisuye u ‘Ngiyoba nguye, Nganginguye.’ NGINGUYE MANJE! NgingukuVuka nokuPhila,” uMuntu. “Okholwa yiMi, noma efa, wophila; futhi ophila akholwe yiMi akasayikufa. Uyakholwa yilokhu na?”

⁹⁴ Wathi, “Yebo, Nkosi,” umuzwa wesithupha, “Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ebizakuza ezweni.”

“Umfowethu uzovuka futhi.” O, he!

⁹⁵ Baya ethuneni! Bobabili, ndawonye, okuthile kwakumele kwenzeke. Lokho kwakungumuzwa omkhulu, noNkulunkulu emi ekhona, okuthile kwakufanele kwenzeke. Umuzwa kwabe kungumuzwa omkhulu, kwakunguNkulunkulu. Kukhona oKwakutshela u Marta lokho. WayeMbonile. WayeMazi. WayeMbona ukuba Unguye eMesiya. Futhi wayazi, uma wayengafinyelela nje kuYe, uma wayengafinyelela eduze kwaKhe nje abeke isimo, ezwe isethembiso esisodwa nje sivela kuYe, yilokho kuphela ayekufuna. Ngenkathi Ethi, “NgingukuVuka nokuPhila; okholwa yiMi, noma efa,” yilokho kuphela u Martha ayefuna ukukuzwa, konke ayekufuna. Ngoba, umuzwa wesithupha, umuzwa omkhulu, ukukholwa kwakhe, kwakumhambisa ukuba amvume Yena, amkholwe Yena.

⁹⁶ Lona wesifazane, ngenkathi esuka phambili, kwakungu ISHO KANJE INKOSI, “Hamba uye ekhaya futhi udle. UJesu Kristu uyakuphilisa.” Waya ekhaya.

⁹⁷ Ngalobobusuku, umngani wakhe ongumakhelwane, wabe engowesithathu kumbe owesine emva kwakhe, futhi wayenefindo elikhulu entanyeni yakhe. Futhi weza lapha, enyakaziswe nguye—nguye umakhelwane wakhe, wayezophulukiswa kulesosilonda esabe sesimhluphe kakhulu. Lokho kungokunye kwamakhulu ezinto ezenzeka, izinkulungwane zazo. Futhi nalelifindo elikhulu elabe liyiguludla entanyeni yakhe, futhi wenyuka. Ngathi, “Akekho ongakubona lokho okudlinzayo. Kodwa ujabulile ngokuthile, unyakazisiwe, ngoba lowo wesifazane ohlezi ngale ungumakhelwane wakho.”

⁹⁸ UMoya oNgcwele! Wacabanga, “Lendoda ingakwazi kanjani lokho emhlabeni na? Kumele kube oKuthile okumambulelayo.”

⁹⁹ Ngakho-ke ngenkathi lokho sekushiwo, Kwathi, “Ucabanga ngentamo yakho.”

“Yebo.”

“Uyakholwa ukuthi kuzoshabalala na?”

“Ngiyakukholwa,” washo, “ngenhliziyoyami yonke.”

¹⁰⁰ Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI, hamba uye ekhaya uzothola ukuphulukiswa kwakho.”

¹⁰¹ Umuntu wenyama waqalaza akangabona luphawu. Owesifazane owayenesilonda waphindela ekhaya futhi wazama ukudla, futhi, he, wayesengathi uyafa. O, umuntu wemvelo, umuzwa wemvelo, umuzwa waveza ukuthi isilonda sisekhona.

¹⁰² Ngakho emva cishe kweviki kumbe amabili esedlulile, wedlula kumakhelwane, kubobonke abantu bakhe, nasebandleni, efakaza, “INKosi ngiphulukisile.”

Futhi bathi, “Usuyadla manje na?”

¹⁰³ “Cha, hhayi konke engikufunayo. Kodwa,” wathi, “Sengivele ngiphulukisiwe, ngoba ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe.” Akunandaba ukuthi kwakuyini, wayephulukisiwe noma kanjani.

¹⁰⁴ Futhi ngokunye ukusa, izingane zabe seziye esikoleni, futhi walamba ngempela. Wayemile, egeza izitsha, ngasefasiteleni. Weza emhlanganweni, omunye emva konyaka. Futhi wayegeza izitsha, futhi ngenkathi yena, okokuqala, wezwa umuzwa ohlukile wedlula kuye. Futhi wacabanga, “Bekuyini leyo na? Ngezwa sengathi ngangithanda ukumemeza.”

¹⁰⁵ Futhi nendoda yakhe yayimtshelile, yathi, “S’thandwa, yeka ukukhuluma ngalokho kuphulukiswa,” wathi, “ngoba,” nakuba wayengumKristu, wathi, “uletha ihlazo kuyisiSusa.”

¹⁰⁶ Ungaletha kanjani ihlazo uma ufakaza eZwini laKhe na? Uyoletsa ihlazo uma ungafakazi kuLo.

Wathi, “Uma waphulukiswa, waphulukiswa.”

¹⁰⁷ Wathi, “Leyandoda yama yangibheka esweni, yase isingitshela izimo zami nezinto engizenzile, nokuthi ngangingubani, futhi ngiqhamukaphi.” Wathi, “Ngabe ngingekhho endlini imizuzu eyishumi nanhlanu, ngenkathi eza eplatifoma. Ingakwazi kanjani lokho ezweni lendoda na? Angikaze ngiyibone empilweni yami, futhi yangitshela, ‘ISHO KANJE INKOSI, uphulukisiwe.’” Futhi wathi, “Ngiyokukholwa ngize ngife.” Wathi, “Ngizokukholwa noma kanjani.” Ngakho yena nodadewabo ongaphansi kwakhe, umngani, benze isethembiso kuNkulunkulu, ukuthi bayolugcina lolokholo.

¹⁰⁸ Ngalokhokusa, wazizwa ngokungejwayelekile neze, futhi emizuzwini embalwa walamba. Ngakho abantwana bebeshiye ukudla okusanhlamvu epuletini, ubheseni omncane; futhi wathi ukudla okusanhlamvu njalo kuvele kumshane. Uma noma ubani owake waba nesilonda, niyazi ukuthi kuyini. Ngakho wagoba wakhayikha kuleyo othi wakuhlafuna. Futhi, “O, he,” wathi, “Kuzomele ngikukhokhele, ngifanele, kodwa ngolunye lwalezizinsuku ngizoba sengiphilile.” Kodwa waqaphela ukuthi wayesalambile, ngakho wavele wawuqeda ubheseni. Walinda imizuzu embalwa, abone ukuthi kwenzekani. Akwenzekanga lutho; wazizwa ekahle, esalambile. Wazithosela amaqanda embalwa, futhi wazithelela inkomishi yekhofi, futhi wathola

isinkwa esithosiwe, futhi waba nomcimbi omkhulu wangempela. Wavele wadla konke ayengakudla. Waqhubeka nokugeza izitsha, futhi kwathi cishe emva kwengxenye yehora, wayeselambile futhi. Kungasekho kugula okuhluphayo.

¹⁰⁹ Wathwala isigqoko sakhe esincane, futhi wehla ngomgwaqo, wayongena endlini yalomakhelwane. Futhi ngenkathi efika lapho, wezwa, wacabanga ukuthi mhlawumbe kukhona oshonile emndenini. Babekhala, futhi bememeza, futhi bejikajika. Owesifazane wayelale kamuva ngalokhokusa, futhi wavuka, ebheka iguludla lelo elabe lisentanyeni yakhe, futhi lalishabalele ebusuku. Kwakuyini na? UNkulunkulu emsebenzini.

¹¹⁰ Enhla lapha e Cadle Tabernakele, ngenkathi sinalowomhlangano, lowomfana okhubazekile owangena lapho wakhulekelwa. Abaningi benu babekhona ukumbona. Bamngenisela endlini leyo yabaphuthumayo. U Billy wangiholela kuye. Babenaye eplatifoma ubusuku obuthathu kumbe obune, laphaya e...endlini. Akalitholanga ikhadi lokukhulekelwa, ngakho-ke bamfaka endlini yabaphuthumayo. Ngangena lapho ngamkhulekela, ngambheka. Wathi, “Mnu. Branham, ungangitshela induduzo na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, ndodana. UPhokisi ukuhlasele kanje.”

Wathi, “Kunjalo.”

¹¹¹ Ngathi, “Igama lakho ungu *Sibani-bani*. Uvela endaweni ethile.”

“Kunjalo,” washo. Wathi, “Yini emayelana nokuphulukiswa kwami na?”

Ngathi, “Ngemivimbo yakhe uphulukisiwe.”

¹¹² Waya ekhaya, efakaza, enikeza uNkulunkulu udumo. Futhi waletha ihlazo elingaka, basho, kumakhelwane, kwaze kwaba elinye iSonto lapho iqembu labafundisi leza futhi lahlala phansi ngakuye lathi, “Kumele uyeke ukwenza lokho. Uletha ihlazo eMbangeleni.”

¹¹³ Futhi nensizwa ihlezi lapho, yathi, “Mnumzane, ukuba wawuhlezi lapho engikhona, ukuba wawusesihlalweni engihleli kuso, ubungeke uzame ukungephuca ithemba lokugcina enginalo, kuKristu.” Wathi, “Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe.” Futhi akashongo lutho olunye ngaphandle kwalokho... Ehlezi lapho, eshwabene, izinyawo, izandla, umzimba, iqolo. Futhi akashongo lutho olunye ngaphandle kwalokho, futhi wasukuma esihlalweni wahamba, edumisa uNkulunkulu.

¹¹⁴ Ini na? Imizwa yakhe yemvelo yathi uyohlala lapho; udokotela wathi uyoba lapho ingunaphakade, kumbe uma nje esaphila. Kodwa umuzwa wesithupha uthi, “Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe.” Futhi akabanga nalutho abezolenza...

Kungukulahlela kude yonke into ephambene naleyo eshiwo nguNkulunkulu. Ungowalokho umuzwa wesithupha.

¹¹⁵ U John Rhyn omdala, hhayi u R-y-a-n, R-h-y-n. Kwakunesinxibi esiyimpumputhe e Fort Wayne, futhi laphaya lapho esaya khona ngaloluyasuku futhi wakhulekelwa emhlanganweni. Lobo kwakungubusuku ngaphambi kokuba uphiyano ludlale “*INyanga eNkulu manje iseduze,*” engekho owayengakulo. Futhi ngenkathi engaboni, wayeyiKatolika, ngenkolo. Futhi yena—yena wema emgqeni, ngase ngimbheka, futhi ngathi, “Igama lakho ungusibani-bani, u John Rhyn.”

“Yebo.”

“Uyisinxibi ekhoneni. Usube yimpumputhe iminyaka.”

“Yebo, kunjalo.”

“UngumKatolika, ngenkolo.”

“Kunjalo.”

¹¹⁶ Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI, yamukela ukuphulukiswa kwakho.”

Wathi, “Ngiyabonga, mnumzane.”

Ngathi, “Bonga iNkosi.”

Wathi, “Kodwa angiboni.”

Ngathi, “Lokho akuhlanganise lutho nakho. Uphulukisiwe.”

¹¹⁷ Futhi wathi, wahamba ehla, bamsiza esuka eplatifoma. Umuntu wemvelo wayengaboni lutho. Babengaboni miphumela kulokho nakancane. “Yingani,” wathi, “Usalokhu engaboni njengoba ebevele engaboni.”

¹¹⁸ Ngakho abangani bakhe ababili bambuyisela emuva emgqeni wabakhulekelwayo futhi, baphinde bamletha. U Howard wamedlulisa. Lapho esebuya futhi, wathi, “Mnumzane, ungitshele ukuthi ngiphilisiwe.”

Ngathi, “Ungitshele ukuthi uyangikholwa.”

¹¹⁹ Wathi, “Ngiyakukholwa. Anginazizathu zokungakukholwa.” Wathi, “Ungitshele konke empilweni yami,” futhi wathi, “Angazi ukuthi kumele ngenzeni.” Wathi, “Bekunowesifazane emuva laphaya ofakaze ukuthi ubenesifo sokuvuvuka komminzo emizuzwini embalwa edlule, futhi sekuphelile.”

¹²⁰ Ngathi, “Ngakho uma ungikholwa, ungibuzelani na? Ngikutshela iZwi likaNkulunkulu.”

¹²¹ Wathi, “Kumele ngenzenjani, mnumzane na?” Ngazi ukuthi wayengumKatolika futhi kumele abe nokuthile okuphathekayo ayezobambelela kukho, ngathi, “Hlalufakaza nje, ‘Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe,’ futhi uMnikeze udumo.”

¹²² Indoda endala, emavikini amabili alandelayo, kumbe amathathu, wama ekhoneni edayisa amaphepha, wayempongoloza, “Ngaphezulu! Ngaphezulu! Dumisani iNkosi,

ngiphulukisiwe! Ngaphezulu! Ngaphezulu! Dumisani iNkosi, ngiphulukisiwe!”

¹²³ Ngenkathi ebuya emhlanganweni ngobusuku obulandelayo, ngangishumayela kanzima, ngenxa yakhe. Wayesukuma futhi ampongoloze, “Wonke umuntu akathule! Dumisani iNkosi ngokuba ingiphulukise! Dumisani iNkosi ngokungiphulukisa!” NjengomKatolika, wayengakwazi ukuthi angakubamba kanjani ukukholwa, kodwa wayazi ukuthi uma ehlale ekusho, futhi eqhubeka, eqhubeka, eqhubeka, kuze lowomuzwa wesithupha uqale ukusebenza. Kunjalo. “Dumisani iNkosi ngokungiphulukisa!”

¹²⁴ Wayemi ekhoni, empongoloza, “Dumisani iNkosi ngokungiphulukisa! Ngaphezulu! Dumisani iNkosi ngokungiphulukisa!”

¹²⁵ Wayehamba ehla ngomgwaqo, futhi kwaqhamuka othile, athi, “Unjani, John na?”

¹²⁶ “Dumisani iNkosi ngokungiphulukisa! Ngiphilile.” Futhi bamhleka, bahlekisa gaye.

¹²⁷ Futhi omunye umfanyana wezindaba wamholela endaweni yokugundela, ukuba aye koshefa, sekwedlule cishe amabili kumbe amathathu amaviki emva komhlangano. Futhi umgundi wamhlalisa phezu esihlalweni, futhi wamesula ubuso ngendwangu emanzi. Futhi wathi, “John,” wathi, “Ngizaqonda...” Ukulimaluma okuncane, futhi wathi, “Ngizwa sengathi wawusezansi ukuyobona umphulukisi waPhezulu nini” [Akuqoshwanga—Umhl] “lapha.”

Wathi, “Yebo, ngehla.”

¹²⁸ Wathi, “Ngizwa sengathi waphulukiswa,” efuna nje ukumenza inhlekisa.

¹²⁹ Nendoda endala yathi, “Yebo, ayibongwe iNkosi, Yangiphulukisa,” namehlo akhe avuleka. Wasuka kulesosihlalo wahamba, nethawula lizungeleze entanyeni yakhe; umgundi ezama ukumbamba, nensingo esandleni sakhe. Futhi behla ngomgwaqo! Yingani na? IZwi likaNkulunkulu lase lihambile ukuyosebenza.

¹³⁰ U Georgie Carter omncane elele phansi ngale, nonke enikwaziyo, abanye abantu ulapha usondele, elele lapho iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili, engakwazi ngisho... lutho kodwa ukudonsa idilowa lamashidi ngaphansi kwakhe, kusuka ezinsweni nasezibilini. Wayesinda amaphawondi angamashumi amathathu-nanhlanu. Elele ngale e Milltown, e Indiana. Futhi abantu bakubo abebandla lelo eli... Ngenkathi ngiyobamba umhlangano laphaya ebandleni lama Milltown Baptisti, futhi ngikhulekela abagulayo, lelobandla lathi, “Uma noma yiliphi ilunga lalelibandla eliya

kuloluyahlanya, siyobehlukanisa nathi.” Futhi uyise wakhe wabe engumdikoni.

¹³¹ Kodwa wayenayo incwadi yami encane, ebizwa ngokuthi, *UJesu Unguye iZolo, Namuhla, NaPhakade*. UMfowethu Hall wangiyisa kuye, ngenye intambama. Unina waphuma egijima endlini, wayengafuni neze ukuzihlanganisa nakho. Ngangena ngamkhulekela. Ngathi, “Kulungile, kanjani ngaleyontombazane yase Nale na?” Wayazi ngombono.

¹³² Ngathi, “Lokho kwakungumbono, dadewethu. Ngingakhuleka kuphela. Yiba nokukholwa.” Into encane empofu yabe ifundiswe okuphambene nalokho.

¹³³ Izinsuku ezimbalwa kusuka lapho, ngangimi lapho ngibhaphathiza. Wayesezansi laphaya, ekhala; ayekwethembisile ukuthi uzoza futhi abhaphathizwe kabusha, eGameni likaJesu Kristu, uma uNkulunkulu engamphulukisa kuphela.

¹³⁴ Futhi lapho, yena, imilenze yakhe emincane emidala isicishe ibe ngangenduku yomshanelo nje. Babengakwazi ngisho ukuba bambeke epoweni. Unina, nokho esengowesifazane omncane, wahlala lapho, enedumbe, futhi esempunga, ebuka indodakazi yakhe ilele laphaya ifa ngamayintshi. Ixhwalala lezindlala zabesifazane, futhi kwahamba njalo kuye. Wayesinda cishe amashumi amathathu-nesikhombisa samaphawondi, ngicabanga ukuthi kwakunjalo, bamehlulela. Engakwazi ukuphakama ngokwanele ukuba angafaka ipowa ngaphansi kwakhe; kumele adonse idilowa lamashidi ngaphansi kwakhe, eliyirabha. Iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili, elele lapho, engakwazi ngisho ukuphakamisa ikhanda ukuba abone isihlahla esasiseduzane nefasitela.

¹³⁵ Ngelinye ilanga, ngimi emuva, ehla esiqongweni sentaba, e Georgie Wright’s, uMoya oNgcwele wathi kimi, “Mana ngezinyawo zakho.” Futhi ngabheka, futhi kwakukhona ukuKhanya okwakukhanya phakathi kwesihlahla se dogwood, wathi hamba ngendlela yase Wright’s, kumbe, “Hamba ngendlela yase Carter’s.”

¹³⁶ Ngenkathi ngifika lapho, iNkosi uJesu yakhombisa unina uphawu lokuthi ngiyeza. Waya entombazaneni leyo eyayilele lapho kulowombhede, ingenamandla ngangokuthi yayingeke iphakamise inkomishi yezikhwehlela. Unina wayeyibamba, ithi “eh,” izama ukukhwehlelela enkomishini yezikhwehlela, zineSifo soFuba. Ngathi, “Dadewethu Georgie. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, udibane nami ngale ehlane, cishe esikhathini esiyingxenywe yehora esedlule, futhi wangitshela ukuba ngizobeka izandla kuwe. ISHO KANJE INKOSI, mana ngezinyawo zakho!”

¹³⁷ Umuzwa wesithupha waya kosebenza, aMandla ayishaya leyontombazane, okokuqala eminyakeni emithathu... kumbe iminyaka eyisishiyagalolunye ne-nezinyanga eziyisishiyagalombili, wayengakaze ame ngezinyawo zakhe, wagxuma wema ngezinyawo, wagijimela ebaleni, futhi ebusisa izihlahla futhi notshani futhi nakho konke, futhi wangena futhi wahlala phansi opiyaneni futhi waqala ukuludlala, “*KunoMthombo ogcwele iGazi, lidonswe emithanjeni ka Emmanuweli.*”

Yingani na? Imizindlo yayizokulahla phansi . . .

¹³⁸ Wayengeke akwenze. Angazi manje. Angeke ngazi. Kuphela ngaMandla kaNkulunkulu amphakamisa. Imilenze yakhe yabe ingemikhulu *kangako* ndawo zonke, enhla lapha emalungeni; kungekho lutho okufana nakho, njengenduku yomshanelo. Lokho kwakuseminyakeni elishumi nambili edule, kumbe ishumi nane, futhi namhlanje unamandla nempilo, uhambela iNkosi uJesu.

¹³⁹ Kwakuyini na? Okokuqala, kwakusengathi akwenzeki lutho, kodwa umzindlo wabe uzothi ngeke kwenzeke. Kodwa, mfowethu, wabambelela kuleloZwi. Uma uNkulunkulu ayengathatha leyontombazane ekhubazekile e Salem, leyontombazane yase Nale, eyayikhubazekile futhi umzimba ungasebenzi, futhi izingalo zayo zazilenga *kanjena*, engamphulukisa, Wayengamphulukisa, futhi. Wakukholwa.

¹⁴⁰ NoMfowethu Hall, elele ngale, ebulawa umdlavuza; yiyo leyondoda eyangisa lapho. Udokotela wakhe e Milltown wamthumela enhla kulodokotela e New Albany, ezansi lapha, lapho kulaphaya e Saint Edwards esiBhedlela. Ngiyakhohlwa... Waletha izingane zami; indoda ehle, udokotela olungileyo. Wamhlola, wathi, “Umdlavuza.” Washo kuDokotela Brown, ezansi e Milltown, wathi, “Uyafa.” UDokotela Brown wathi, “Ngicabange kanjalo.”

¹⁴¹ Wamkhuphulela kudadewabo ezansi lapha, oyi—oyisihlobo sika Mnu. Kopp, evame ukuba ngumahluleli edolobheni. Futhi ngenkathi befika ezansi laphaya, wathi, “Mgcine lapha nje aze afe.”

¹⁴² Base bethumela ukuba ngize ezansi. Ngaya, usuku emva kosuku, nomkami, emuva laphaya. Sakhulekela uMfowethu Hall. Ngangimthanda. Wayengomunye wabami engabaphendulela kuKristu. Futhi ehla onda, futhi wayengasakwazi ukunyakazisa izandla zakhe.

UNkk. Hall wathi, “Billy, akukho ongakwenza na?”

¹⁴³ Ngathi, “Akukho engikwaziyo, Dadewethu Hall. Angizwa gama elivela eNkosini. Singa . . .” Ngathi, “Ngingathanda ukuba udokotela wami ake ambheke.”

Wathi, “Ngubani udokotela wakho na?”

Ngathi, “Udokotela Sam Adair.”

¹⁴⁴ Futhi ngabiza u Sam. U Sam wathi, “Okusele, ngingamthumela e Louisville, Billy, ayothathwa isithombe esibonakalisa ingaphakathi nezinto.” Wathi, “Ngokunikeza umbiko.” Bathumela i ambulense ezansi, waqukulwa, yamthatha; yabuya.

¹⁴⁵ U Sam wangibiza enhla, futhi wathi, “Billy, unomdlavuzwa wesibindi. Ngeke sikwazi ukusika isibindi sakhe, aphile.” Wathi, “Ungumshumayeli, kufanele ngabe uselungele manje. Usungamtshelelana nawe futhi ukuthi uyahamba.”

¹⁴⁶ Ngathi, “Ulungele ukuhamba, Sam. Kodwa, into nje ukuthi, ngiyakuzonda nje ukumbona ehamba. Ungumfowethu, futhi ngiyamthanda.”

Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, ngenzele okuthile.”

¹⁴⁷ Ngaqala ukuhamba ngiyozingela izingwejeje ngalokho kusa. Ngabheka ngaphambi kosuku, akekho owayesebaleni; ngathatha isibhamu sami futhi ngaqala ngaphuma endlini. Kwakukhona i aphula elidala elalimagoxigoxi lilenga odongeni. Ngacabanga, “Yingani uMeda ebeke lokho odongeni na?” Ngabheka, futhi elinye nelinye nelinye, aze aba yisithupha elenga laphaya. Ngethula isigqoko sami futhi ngawa ngamadolo, phansi. Ngabheka phezulu laphaya, futhi i aphula elikhulu eliyisigaxa elihle lehla ladla onke lawoma-aphula aphezulu. Ngabheka kumi ngaphezu kwalapho, futhi kwakukhona lokho kuKhanya (okulenga *kulesosithombe* ngale) kumi laphaya, kuphenduphenduka, kwathi, “Mana ngezinyawo zakho. Hamba utshele uMnu. Hall, ‘ISHO KANJE INKOSI,’ angeke afe, kodwa uzophila.”

¹⁴⁸ Ngahamba ngehla ngamtshele. Wayengengcono, kodwa wakukholwa. Wabambelela kukho. Wawungekho umehluko, kanjalo. Usuku lwedlula, awukho umehluko. Usuku lwesibili, awukho umehluko. Ngosuku lwesithathu, kwaqala. Futhi uyaphila lapha namuhla, emva kweminyaka ngeminyaka.

¹⁴⁹ Ngiqaphela kuhlezi lapha, u Nkk. Weaver. Qha, angiphaphalazi. Ngenkathi indodakazi yakhe iza, emva kokuphulukiswa kuka Margie Morgan, ngaya ezansi laphaya futhi kwakungekho lutho owesifazane ayengalwenza. Wayezobe esefile emahoreni ambalwa alandelayo. Babenomjovo, kumbe ombili, ababengamnika wona, futhi kwakuyilokho kuphela. Wayekade enokuhlinzwa kwabesifazane, umdlavuzwa wawhambe ngomhlandla wakhe. Bawusabalalisa ngenkathi behlinza, futhi kwakungekho lutho angalwenza owesifazane. Ngangifuna ukukhuluma naye ngokuphulukiswa.

¹⁵⁰ Kepha wathi, “Mnumzane, ungumfundisi weNkosi uNkulunkulu, futhi angifanele ukuba ungangena endlini yami.” Ezisho ukuba akafanele ukuba afikelwe ngumfundisi. Wathi, “Ngiphile impilo. Ngidansile. Futhi bengithanda ukuba ngenze

izinto obekungafanele ukuba ngizenze. Ngisebenzise ulimi olubi, noma yikuphi okunye.” Wangitshela izono zakhe, futhi wathi, “Angifanele.”

¹⁵¹ Ngambona wayeshaya umugqa okuyiwonawona. Wayefanele ukuthola uKristu phakathi *lapha* ngaphambi kwalowo wesithupha, umuzwa omkhulu wawuzovele usebenze.

¹⁵² Saguqa phansi. Ngakhuluma naye ngokuthi “noma izono zakho zibomvu.” Wanikela impilo yakhe eNkosini uJesu Kristu. Futhi lapho esekwenzile, wathi, “O, o, ngizwa ngahluka kakhulu. Kukhona okwenzeke kimi. Kukhona okwenzeke kimi. Ngifuna ukunixhawula izandla nonke.”

¹⁵³ Kwathi khona lapho ngabheka phandle futhi ngimbone embonweni, ebuyela emuva emva kwendlu endlini yezinkukhu. Ngathi, “Nkk. Weaver, ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU, uzohamba uye kuleyondlu yezinkukhu, futhi uzophila.”

¹⁵⁴ Akahambanga ngendlela ayezwa ngayo; umdlavuzwa wabe usumqedile. Wayengeke ahambe ngalokho okushiwo ngudokotela; wayefa. Futhi lokho kwaku, ngiyaqagela ishumi nane, ishumi nanhlanu leminyaka eyadlula, Nkk. Weaver na? [UNkk. Weaver uthi, “Ishumi nane.”—Umhl.] Iminyaka elishumi nane eyadlula. Wayentengantenga enyukela lapha e Tabernakele ngenkathi egula, kwakungabonakali ukuthi wayekwazi ukuvuka embhedeni, izingalo ezincane ezindala zingamathambo; ngoba wethembisa uNkulunkulu ukuthi uzoza azobhaphathizwa eGameni likaJesu. Samsukumisa samkhipha esihlalweni samasondo, cishe, laphaya esihlalweni, samthatha samyisa ezansi echibini futhi sambhaphathiza eGameni likaJesu. Futhi uhlezi laphaya, ngalokhukuhlwa. Mbheke uma ufuna ukubona uhlobo lwempilo. Ngani? ukulahla phansi izizindlo nophenyo lwesayensi, nakho konke okunye, ngoba umuzwa wesithupha waya kosebenza. Yilokho.

¹⁵⁵ Bheka, ake ngisho lokhu nje futhi, umzuzu nje. UJesu wedlula ngasesihlahleni ngesinye isikhathi, futhi kwakuyisihlahla somkhiwane. Futhi wasibheka isihlahla somkhiwane. Manje, ngiyanicela, ningagejwa yilokhu. Wasibheka isihlahla somkhiwane, futhi kwabe kungekho makhiwane kuso. Futhi Wathi, Wasiqalekisa isihlahla futhi wathi, “Akungadli muntu kuwe.”

¹⁵⁶ Abafundi baqalaza; isihlahla sabukeka njengoba sihlala sibukeka. Nangemuva kwehora kusukela lapho, sasilokhu sibukeka sifana. UNkulunkulu akavulanga umhlaba wasigwinya. UNkulunkulu akathumelanga umbani oyizimbaxa usuka esibhakabhakeni wasishisa saze saba amalahle. Wayengakwenza, impela Wayengakwenza. Akazange azenze lezozinto.

157 Kwenzekani na? Isihlahla sabe sesiqalekisiwe. Ukhoho lukaNkulunkulu lwalukade lubekwe lwamelana naleyompilo yesihlahla. Kwakungekho lutho olwabonakalayo owawungalubona. Kodwa phansi le ngaphansi komhlaba, phansi ezimpandeni zesihlahla, ukufa kwakuhlezi phakathi. Sasiqalekisiwe. Umuzwa wesithupha wawusufike wamelana naso. Kwakufanele sife. Saqala ukufa kusukela ezimpandeni.

158 Lokho yinto efanayo eyenzeka kumdlavuza, lokho yinto efanayo eyenzeka ethumbeni, lokho yinto efanayo eyenzeka kunoma yisiphi isifo nxa lowomuzwa wesithupha wamandla eNkosi uNkulunkulu equbuka aphikisane naso. Athi, “Satane phuma lapho.” Ungahle ungasiboni isimo sangokwenyama senzeka khona manjalo, kepha lokho kukholwa kubamba lapho ngokufanayo nje. Kuqalekisiwe. Lowomuzwa wesithupha ungeke, lowomuzwa omkhulu ungeke ukuvumele kuhambe. Ungeke unake ukuthi wena uzwa kanjani, ubuka kanjani, usebenza kanjani. Ungeke uhlangane sampela nakho. IZwi likaNkulunkulu lisetshenziwe. Umuzwa wesithupha uyakubamba. Yilokho kuphela. Uhamba ayosebenza; umdlavuza uqale unciphe uhambe. Ufa kusukela ezimpandeni, bese uyaphela. Impela.

159 Ngawo lomuzwa wesithupha onamandla, imibuso ubuthukile, udonga lwathi yaca kolunye.

160 Ngalomuzwa wesithupha, uLwandle oluBomvu lwaduduleka lwahlehla, nomhlabathi owomileyo wenza indlela kubantwana bakaNkulunkulu ukuba baphunyuke ngayo.

161 Ngawo wona lomuzwa wesithupha, uSamsoni wayedelela inkulungwane yamaFilisti ihlome ngezikhali zokuzivikela nangemikhonto. Wayengenandlela yokuzivikela yena qobo, kodwa umhlathi womnyuzi wasendle. Futhi lowomuzwa wesithupha waya kosebenza, futhi waginqa phansi inkulungwane yamaFilisti. Haleluya!

162 Ngalomuzwa wesithupha, abafile bavusiwe. Ngalomuzwa wesithupha, izimangalisano ezinkulu senzekile.

163 Kungamandla amangalisayo kunalawo asake ashaya umhlaba, yilowomuzwa omkhulu, okuthiwa umuzwa wesithupha. Awuhlanganise lutho na *lona* ophansi lapha; uma lona ophansi lapha uvuma futhi uthi “ameni” kuWo, kulungile, uyaqhubeka; kodwa noma ngabe lona wenzani, kholwa yi *loWo*. Alapho-ke amandla, “uma ukholwa enhliziyweni yakho.” Wena muzwa wesihlanu, wokucabanga, ungaphakathi ebuchosheni bakho, kodwa umuzwa wakho wesithupha usenhliziyweni yakho. Ukhohla ngenhliziyo yakho. Ukuvuma kwenziwa ngomlomo. U *kholwa* ngenhliziyo yakho, yebo, mnumzane, lowomuzwa wesithupha, lawomandla agcwele amandla.

164 Lalela, ngenxa yalowomuzwa wesithupha, kwabanomprofethi owaphonswa emphandwini wezingonyama.

Futhi ngenxa yalowo muzwa wesithupha, amabhubesi ayengeke amudle u Danyela. Ayengeke. Ayengeke asondele kuye, ngenxa yalowomuzwa wesithupha, lowomuzwa omkhulu.

¹⁶⁵ Ngawo lowomuzwa wesithupha, abantwana abathathu bamaHeberu baphonswa esithandweni somlilo futhi bawashaya indiva amalangabi esithando somlilo. Lowomuzwa wesithupha! Konke ukuzindla kwakuzofakaza ukuthi babezobulawa ukusha ngaphambi kokuba bafike kuso, kodwa lowomuzwa wesithupha wabahlalisa amahora amabili lapho kumbe amathathu. Futhi ngenkathi bevula isithando somlilo, babona Oyedwa emi phakathi kwabo, enjengeNdodana kaNkulunkulu. Lowo umuzwa wesithupha. Imililo yayingeke iwushise. Yebo, mnumzane.

¹⁶⁶ Kwakuyiwona lowomuzwa wesithupha, ngesinye isikhathi, okwathi umPostoli uPetro elele ejele, futhi babezomnquma ikhanda, ngelanga elilandelayo. Futhi ezansi endlini ka John Mark babenomhlangano womkhuleko. Lowomuzwa wesithupha waqala ukwanda kulelojele, lapho ayembeswe umkhuleko. Lowomuzwa wesithupha wahamba ukuyosebenza. INsika yomLilo yangena ngefasitela futhi yamthinta uPetro, futhi yathi, “Woza, phuma lapha.” Umuzwa wesithupha!

¹⁶⁷ Kwakuyilowomuzwa wesithupha owawungeke uvume ukuthi uPawulu oNgcwele aminze kulololwandle olukhulu, lapho lowomkhunj ana wawusugcwele amanzi. Kwakungumuzwa wesithupha owamgcina ukuba angacwili, lowomuzwa omkhulu. Kwakuyilowomuzwa wesithupha, lowo, ngenkathi inyoka imshaya esandleni, wayikhithizela emlilweni. Kwabe kungumuzwa wesithupha owakwenza.

¹⁶⁸ Kwakuyilowomuzwa wesithupha owavusa uJesu Kristu kwabafileyo, emva kokuba Elale emhlabathini, ngoba Walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Wathi, “Bhidlizani lomzimba, futhi Ngiyakuwuvusa futhi ngosuku lwesithathu. Ngoba uDavide wathi, ‘Angiyukumshiya ONgcwele Wami abone ukubola, futhi angiyukuwushiya umphefumulo waKhe esiHogweni.’” Kwakuyilowomuzwa omkhulu. Lahla phansi izizindlo za *le* mizwa. Kholwa umuzwa omkhulu, umuzwa wokukholwa, lowo uJesu Kristu awunikezayo.

¹⁶⁹ Ngawo wona lowomuzwa, uNkulunkulu wakhuluma ngenkathi kwakungakabibikho lutho. Yini lowomuzwa na? Lowomuzwa omkhulu unguNkulunkulu, ukholo lukaNkulunkulu phakathi kuwe, ingxenye kaNkulunkulu engena kuwe bese ikunika umuzwa omkhulu. Ngawo wona lowomuzwa omkhulu, uNkulunkulu wakha izwe ndawonye ngezinto ezazingekho futhi ezingavelanga. Wakhuluma iZwi laKhe futhi walikholwa iZwi laKhe, nezwe lazamazama labakhona. Udumo!

170 Umuzwa wesithupha, umuzwa omkhulu, O Nkulunkulu, uthululele phezu kwami. Unike mina nakuwo wonke owudingayo. Thululela umuzwa waKho wesithupha phakathi kimi, Nkosi. Ngiyavuma ukunikela lena emihlanu, ulwazi lwami qho, imicabango, ngilahla phansi zonke izizindlo, Nkosi. IZwi laKho malibe liqiniso, nawo onke amazwi omuntu abe ngamanga. Konke ukuzindla, konke ukungabaza, kulahlwe, futhi mangihambe ngomuzwa omkhulu, umuzwa kaMoya oNgcwele.

171 Anikufuni lokho na? Yileyonto esiyifunayo. UNkulunkulu akubusise, mngane. Yilokho okudingayo. Lowomuzwa omkhulu uyocela okuthize futhi uyazi ukuthi Uyokunika. Uvumile, “Ngokuba lowo oza kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi Ukhona, nokuthi ungumvuzi walabo abaMfunisisayo.”

172 Uma umuzwa wesithupha uthi, “UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Ngizinikela qobo lwami kuYe. Nginikela ngakho konke enginakho, kuYe. Umuzwa wami uthi lokhu kuyokufeza, ukholo lwami eZwini likaNkulunkulu,” khona-ke biza noma yini okunye, okuphambene nakho, sengathi kwakungaphambene.

173 U Abrahama wahlangana noNkulunkulu, noNkulunkulu wathi, “Uzoba nengane ngoSara.” Yena enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, futhi owesifazane enamashumi ayisithupha-nanhlanu. U Abrahama wabiza konke okwakungekho, okwakuphambene nalokho, sengathi kwakungaphambene. Wahamba sengathi ubone uNkulunkulu, futhi yena—yena wakholwa.

174 Wayebiza noma yini eyathi wayengesuye, noma ikuphi ukuzindla, noma yini enye e . . . Udokotela wayengathi, “Yingani, Abrahama, usukhule kakhulu ukukwenza lokho.” Lokho akwenzi mehluko omncane okwabe kushiwo udokotela, okwakushiwo noma ubani omunye, okwakushiwo ngumqondo ongowakhe, okwakushiwo noma yini enye. UNkulunkulu wayeqinisele, futhi wahlala nalokho.

175 Lowo umuzwa wesithupha, umuzwa omkhulu. “Nkulunkulu, nginike wona. Nkulunkulu, yenza ngibe nokuningi kwakho,” ukufundisa kubantu baKhe, kungumkhuleko wami.

176 Ngalokhukusa, ngenkathi lowayamama eletha leyonganyana enekhanda elibomvu, emi lapha, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Ngathi, “Kwenzenjani, dadewethu na?”

177 Wathi, “Mfowethu Branham, kuphethwe yisifo esibonakala ngokwanda kwezinhlayiya ezimhlophe egazini.” Ngizwe kuqubuka okuthile. O, Uhlale elusizo ngesikhathi sokuhlupheka.

178 Lapha esikhashaneni esadlule, uBilly nami besehla ngomgwaqo, sishayela. Abafana bamakhaladi beza ezansi emgwaqeni futhi babeshayela ngesivivini, futhi bajikise imoto

mawala futhi yabe isishaya uzungelezi iphindelela, futhi yabachitha abafana umgwaqo wonke, futhi omunye omncane umngane wanamathela ngaphansi kwemoto nomhlane wakhe uncike emotweni. Abafana bagxuma baphuma futhi baqala ukuyivusa. Wathi, “O, ngiyacela ningayivusi, umgogodla wami uyephuka! Musani! Nizongibulala! Nizongibulala! Ningakwenzi!”

¹⁷⁹ Futhi bathi, “O, kumele siyisuse kuwe, isiyavutha.” Wathi, “Ninga . . .”

¹⁸⁰ “Ningayigudluli, ningihlikihlela ekufeni! Ningakwenzi! Ningakwenzi!”

Ngampongoloza ngaphansi lapho, “Ndodana, ungumKristu na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane.”

Ngathi, “Kuzobangcono ukuba ukhuleke.”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

¹⁸¹ Umuzwa wesithupha wahamba ukuyosebenza. Ngajikeleza imoto ngemuva, futhi angeke ngazi kube ngukwaHlulelwa, kodwa, ngokushesha, leyomoto yaphenduka yasuka kuye, futhi wagxuma ephile kahle. Kwakuyini na? “Usizo olukhona ngesikhathi senhlupheko!”

¹⁸² Besibuya sisuka e . . . Intombi esencane yekhaladi ibishayela imoto emgwaqeni, i Plymouth entsha, isahambe amamayela angamakhulu amane. Ibishayela ngesivinini esihle impela. Futhi ngiyibonile imoto. Ihudule ushafu webhokisi lika khilenke yaze yayofika esihlahleni. U Billy nami simile. Kwakukade kuneqhwa, umgwaqo oshelelayo phambi kwethu, kodwa kwabe sekomile ngalesosikhathi. Intombazane . . . Umoya ubuvunguza kakhulu, enhla e Minnesota, waze wadudula imoto yaphuma. Uyawukhumbula, Billy na? Ngagijima ngaya ezansi kuyo. Futhi lapho, ihleli lapho, yathi, “O, ngiyafa. Ngiyafa.” Babiza i ambulense.

¹⁸³ I ambulense yafika, futhi babenomuntu ofile owabe elele ngemuva kwi ambulense. Wathi, “Ngeke ngikwazi ukumthatha.”

¹⁸⁴ Ngakho umlimi wathi, “Kulungile, thumela omunye, masinya, owesifazane uyafa.”

Ngenyukela lapho, futhi ngathi, “Nkosazane, umzuzu nje.”

¹⁸⁵ Wathi, “O, ungangithinti, mnumzane. Ungangithinti. Umgogodla wami!”

¹⁸⁶ Ngathi, “Nkosazane, unguye umKristu?” Wangibheka. Futhi ngathi, “Ngingumfundisi weVangeli. Uma ufa, kanjani kuwe noNkulunkulu na?”

Wathi, “Mnumzane, ngifuna ukuba nguye, njengamanje.”

¹⁸⁷ Futhi nomuzwa wesithupha waya kosebenza. Amandla kaNkulunkulu ehla. Wakwazi ukuziphumela emotweni, ngaphandle kokusizwa umuntu. Amandla kaNkulunkulu, akhona, “Usizo olukhona ngesikathi sokuhlupheka.”

¹⁸⁸ Sihamba ngokukholwa. Siphila ngokukholwa. “Abalungile bayophila ngokukholwa.” Kumele siphile kanjalo. Bangaki abangathanda ukuba nomningi wesithupha, umuzwa omkhulu na? [Ibandla lathi, “Ameni.”—Umhl.]

Ake sikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuleka.

¹⁸⁹ Nkosi elungileyo, Nkulunkulu wethu noBaba wethu, Umuhle kakhulu kithi. Usinika imizwa emihlanu ukuba siphile ngayo futhi sihambe ngayo, kulomhlaba, kumbe ukuba—kumbe ukuba sithinte umhlaba. Singazizwa izinto lezo—lezo ezifanele ukuzwiwa, ngezandla zethu, izinto eziphathekayo. Usinika ukuzwa, ukuba sizwe. Siyajabula impela ngalokho, ukuthi singalizwa iZwi likaNkulunkulu, futhi, ngalokho, “ukukholwa kuza ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Siyabonga ngalemizwa eyisithupha, Nkosi. Sengathi singayigcina zonke izinsuku zokuphila kwethu.

¹⁹⁰ Kodwa sengathi lomuzwa omkhulu, sengathi umuzwa wokukholwa, ongowekholwa, ngoba kumele abenawo ukuze akholwe. Nkosi, sinike okuningi kwawo. O, kuhlambulule, Nkosi, futhi usizame, futhi usigcwalise ngokulunga kwaKho nangamandla aKho. Yenza ukuba sihambe izinsuku zonke zokuphila kwethu, ngomuzwa wesithupha, ngomuzwa wokukholwa, onikwa kuphela nguJesu Kristu. Yilokho esikukhulekelayo, sengathi singakholwa ukuthi siyawemukela, singabi nakungabaza enhliziyweni yethu, futhi Uthembisile ukuthi kuyokwenzeka.

¹⁹¹ Laba abaphakamise izandla zabo, Nkosi, ngiyabakhulekela. Bebenezidingo. Uyazi ukuthi beziyini. Ngiyakhuleka ukuthi uzozifeza, yilowo nalowo wabo. Sengathi kungagcwaliswa, isifiso sabo. Ngikucela eGameni likaJesu. Ameni.

Ukholo kuBaba, ukholo eNdodaneni,
Ukholo kuMoya oNgcwele, laba abathathu
baMunye;
Amademoni ayothuthumela, nezoni zivuke;
Ukholo kuJehova luyonyakazisa konke.

¹⁹² Nake nalizwa ngaphambilini na? Manje ngaphandle komculo, umzuzu nje, mnumzane.

Ukholo kuBaba, ukholo eNdodaneni,
Ukholo kuMoya oNgcwele, laba abathathu
baMunye;
Amademoni ayothuthumela, nezoni zivuke;
Ukholo kuJehova lwenza yonke into iyakaze.

¹⁹³ Kunjalo. O, he! Ukholo oluhle! Oluhle, ukholo olunenkazimulo. Nkulunkulu, nginike ukholo. “Ngokukholwa, u Abrahama. Ngokukholwa, U Isaka. Ngokukholwa u Abela wanikela kuNkulunkulu ngomnikelo omuhle kunoka Kayini; yena othi efile, kodwa wafakaza.” O, siludinga kanjani ukholo! NgiyaMthanda. Ngifuna ukholo oluningi. Isifiso sami kulempilo, futhi nalonyaka omusha ozayo, ukukholwa okuningi kuNkulunkulu. Nkulunkulu, susa noma yikuphi ukungabaza okusengqondweni yami, uma kwenzeka kubakhona okuvukayo okukodwa. USatane ulwa nami, ulwa nawe, uzama ukuciba imicibisholo yakhe. Kodwa mangibe nalesosihlangu sokukholwa njalo phambi kwami, ngimelane namaqhinga kadeveli, ukukhahlela, ukuphahlaza imicibisholo yakhe esabekayo, kungumkhuleko wami oqotho. UNkulunkulu anibusise.

¹⁹⁴ Kukhona ozo kusho, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, “Qha, kuphela ukuthi...”—Umhl.] Woza. [UMfowethu Neville unikeza izaziso, ubufakazi, futhi umkhuleko wokusonga]



UMUZWA OMKHULU ZUL59-1227E
(A Super Sense)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Disemba 27, ngo 1959, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©1991 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org